www.xtrapapers.com



**English voice:**
This is the Cambridge International Examinations, International General Certificate of Secondary Education in isiZulu as a Second Language.

Syllabus: zero five three one

November twenty eighteen, paper 2 listening.

There are instructions about how to answer the questions above each item on the question paper.

Dictionaries are **not** permitted.

Before each recorded item is played, time is allowed for reading the instructions and studying the questions. All items are heard twice. You may take notes and write your answers at any time during the test. The number of marks is given in brackets at the end of each question or part question. A signal is used to introduce each item.

**Male isiZulu voice:**
**Umsebenzi 1**

Lalela inkulumo eyethulwa ngumsiki wengqephu uNkosikazi Mbhele ayethula emhlanganweni wabasebenzi.

Phendula imibuzo elandelayo ngokufaka uphawu (✓) ebhokisini elifanele eliseceleni kwesitatimende ukukhombisa ukuthi **siliqiniso** noma **akusilo**.

Uzoyizwa kabili le nkulumo.

Uzonikwa ithuba lokufundisisa imibuzo kuqala.

Pause 01’00”
*Signal: bell

**Female isiZulu voice:**
Indlela ogqoka ngayo empilweni isho lukhulu ngawe nangendlela ozizwa ngayo ngalolo suku. Esikhathini samanje ziningi izindlela zokugqoka uma uya emsebenzini. Kudala umuntu wayebonakala eqhamuka le kude ukuthi uya emsebenzini, kodwa manje sekushintshile lokhu njengoba abantu sebenezindlela ezahlukene zokugqoka.

Incwadi esanda kushicilelwa iveza ukuthi abasebenzi abagqoka kahle banamathuba amaningi okukhushulelwa ezikhundleni eziphezulu nokwenza bahole imali engcono. Ngokwale ncwadi enesihloko esithi, “Ubuhle nempumelelo” ebhalwe nguProfessor Dawood Barnad wase-University of Dallas e-United States of America, abasebenzi abagqoka kahle banamathuba amaningi okuthola imivuzo emihle emsebenzini uma uqhathanisa nalabo abagqoka budlabha.

Ukugqoka kahle kukodwa akwanele. Izinga lemfundo nesipiliyoni somsebenzi kwenza umuntu ogqoka kahle ahlonishwe futhi aphatheke kahle emsebenzini. Empeleni kuthiwa, ukusebenza kanzima kumele kuzikhulumele khona kodwa nokunyusa izinga le ndlela obukeka ngayo kuyagcwalisela.

Pause 00 ‘10’

© UCLES 2018 

www.xtrapapers.com



Nanka amathiphu amahle umuntu ongawalandela uma ulungisa izimpahla ozigqoka emsebenzini. Kubalulekile ukuthi uma uyithanda imfashini uma uya emsebenzini kodwa kumele uqikelele ukuthi imibala oyigqokayo izothile futhi iyahambisana nomsebenzi owenzayo. Uma ungumuntu osebenza ehhovisi noma ojwayele ukubamba imihlangano namakhasimende, kuhle ukuthi ugqoke imibala enjengale; omnyama, ompunga, oluhlaza njengesibhakabhaka noma onsundu. Ukugqoka izimpahla ezikulingana kahle kuhle, umuntu angazimpintshi, angazilengisi futhi agweme ukugqoka okufushane kakhulu. Ungagcwalisela ngokokuhloba okugqamile ukuze zigqame izimpahla ozigqokile. Ukuzinaka ubukeke njengokufaka izinzipho ezihlanzekile, izinwele ezenziwe kahle bese ufaka nesiqholo phecelezi ‘perfume’ esinuka kahle kuphelelisa indlela obukeka ngayo.

Qaphela ukuthi nabesilisa nabo bangalungisa izinwele babuye bafake iziqholo ezinuka kamnandi. Kwabesifazane kuhle ukuziphaqula ngezimonyo kodwa kubalulekile ukuba baqaphele ukuthi akubi yihaba. Ukugqoka kahle akuchazi ukuthi kumele ugqoke amasudi namabhantshi nothayi nsuku zonke, kodwa umuntu angagqoka izikibha nama-jean amahle abukekayo futhi ahlanzekile.

Ezinye izinkampani zinemithetho emisiwe yokugqoka noma zikhethe ukuthi kugqokwe amayunifomu ukuze izisebenzi zibukeke zihloniphekile. Kanti ezinye izinkampani zishiyela kumuntu ngamunye ukuba azinqumele lokho athanda ukukugqoka. Ngakho-ke kubalulekile ukuthi umuntu abe nolwazi olwanele mayelana nendlela eyamukelekile yokugqoka emsebenzini.

**
Pause 00’05’

**Female isiZulu voice:**
Uzoyizwa okwesibili le nkulumo.

Repeat from * to **
Pause 00’25”

**Female isiZulu voice:**
**Umsebenzi 2**

Lalela ingxoxo noThomas Prinsloo ongumnikazi wenkampani iMediright Pharmacy eseMhlanga Rocks eThekwini.

Phendula umbuzo ngamunye ngokufaka uphawu (✓) ebhokisini eliseceleni nempendulo ocabanga ukuthi yiyona yona, uA, B, C noma uD.

Uzoyizwa kabili le ngxoxo.

Uzonikezwa ithuba lokufundisisa imibuzo kuqala.

Pause 01’00”
*Signal: bell

**Female isiZulu voice:**
Ake usitshele ukuthi leli bhizinisi lakho laqala kanjani?

**Male isiZulu voice:**
Umqambi phecelezi ‘designer’ wami uRichard Smith kanye nami sasizixoxela ngokuvula amathuba amasha okuhweba azolekelela amanani alawulwayo futhi angaguquki, ezimpahla ezidayisa eKhemisi lethu. Sabona kungcono ukuba sinwebe ikhemisi lethu ngokuvula isitolo sokukhangisa ngamathalente. Indawo esikuyo iheha izihambi kanye nabavakashi abaningi abeza eThekwini. Lokhu kwakungenye indlela esasingayisebenzisa ukungenisa inzuzo ekhemisi sibe sikhombisa ngamakhono aseNingizimu Afrika ngesikhathi esisodwa.

www.xtrapapers.com



**Female isiZulu voice:**
Kungani nakhetha le ndawo ukuze niqale isitolo senu?

**Male isiZulu voice:**
Indawo ebesinayo ibiyinhle kakhulu futhi ihambisana nezidingo zethu. Sasebenzisa indawo yethu eyikhemisi, sayinweba ukuze siqale lesi sitolo esikhangisa ngamakhono.

**Female isiZulu voice:**
Kungani uthi indawo yenu ihambisana kahle nohlobo lwebhizinisi eniliqalile?

**Male isiZulu voice:**
Kunobuhlobo obukhulu phakathi kwekhemisi kanye nesitolo iCatalyst, esidayisa izipho zamakhono ezenziwe ngezandla. La mabhizinisi ayasebenzisana ekuzithuthukiseni. Okubaluleke kakhulu ngukuthi sakhe endaweni edonsa izivakashi eziningi kanti futhi nabantu abahamba ngezinyawo baningi. Isitolo iCatalyst sinobubanzi obungamametre square angama-40, sakhiwe phakathi ekhemisi. Lesi sitolo siphakathi enkabeni yeMhlanga Village. Okunye okusisebenzelayo ngukuthi sivula izinsuku ezingama-365 ngonyaka, sivula kuze kube ngezikhathi zehora lesi-8 ebusuku.

Pause 00’10”

**Female isiZulu voice:**
Ngobani omakhelwane bakho?

**Male isiZulu voice:**
Sizungezwe yizitolo zokudla, kubalwa neRocoMamas neRemo’s Villaggio, futhi siseduze nezitolo eziningi ezidingwa yiningi. IHhotela laseMhlanga nalo lakhiwe kuyo le ndawo.

**Female isiZulu voice:**
Nikhokha imali eningi yerenti ngesitolo senu?

**Male isiZulu voice:**
Yebo sikhokha imali eningi impela, kodwa siyakwazi ukumelana nakho ngoba sivula kuze kube sebusuku nsuku zonke, okusingenisela imali eningi.

**Female isiZulu voice:**
Bangaki abathengi abangena kulesi sitolo senu?

**Male isiZulu voice:**
Baningi impela abathengi, lokhu kwenziwa ngukuthi sivula kuze kuhlwe. Siheha abathengi abaningi usuku nosuku.

**Female isiZulu voice:**
Ngakube ninayo inhloso yokusinweba futhi lesi sitolo?

**Male isiZulu voice:**
Sihlala njalo sibheka amathuba okuzithuthukisa siphinde sibheke nohlobo lwezimpahla ezintsha esingazidayisa kanjalo nemidwebo yokuziqambela esingabukisa ngayo.

**Female isiZulu voice:**
Niyazidayisa izimpahla zenu nisebenzisa ubuchwepheshe be-online?

**Male isiZulu voice:**
Cha, asizidayisi izimpahla online, kodwa sinalo ikhasi kuFacebook esilisebenzisa ukufaka imininingwane ngenkampani yethu efana nezindali kanye nemikhiqizo emisha.

www.xtrapapers.com



**Female isiZulu voice:**
Yizipi izimpahla ezidumile nezithandwayo eninazo?

**Male isiZulu voice:**
Amabhuku, yizikhwama, izitsha zamasaladi, izinsipho kanye namakhandlela.

**Female isiZulu voice:**
Siyabonga kakhulu Thomas ngokuba usiphe isikhathi sokuxoxa nawe.

**

Uzophinde uyizwe okwesibili le ngxoxo.

Repeat from * to **
PAUSE 00'25"

**Female isiZulu voice:**
**Umsebenzi 3**

Lalela ingxoxo yomsakazi noThemba Dlamini ongumsubathi waseNingizimu Afrika emayelana nokuphumelela kwakhe kuma-Olympics.

Gcwalisa amanothi alahlekile ezikhaleni **ngesiZulu**.

Uzoyizwa kabili le ngxoxo.

Uzonikwa ithuba lokufundisisa kahle imibuzo.

Pause 01'00"
*Signal: Bell

**Female isiZulu voice:**
Ngiyakubingelela Themba. Siyabonga ukuba uvume ukuzoxoxa nathi namuhla.

**Male isiZulu voice:**
Kubonga mina dadewethu.

**Female isiZulu voice:**
Ake usitshele ngendlela ozilungiselela ngayo ngokomqondo uma uzogijima. Ukwazi kanjani ukugxila kulokho okuphambi kwakho?

**Male isiZulu voice:**
Ngizama amasu ahlukene okuzigcina ngingaxhamazeli ngihlale ngisesimweni esifanele lokho engizokwenza. Ngibukela amamuvi noma imidlalo engama-series, ngilalele umculo, ngokujwayelekile owe-rap noma owe-hip hop. Kokunye ngidlale ama-video-game. Ngimane ngizame yonke into engangisiza ukugcina umqondo wami ukulungele ukuncintisana.

**Female isiZulu voice:**
Uma ubheka emuva, yikuphi okulekelele kakhulu empumelelweni yakho kulo mkhakha wezemidlalo?

**Male isiZulu voice:**
Umndeni kanye nabangane bami yibona ababeyinsika yempumelelo yami kwezemidlalo, uxhaso lwabo, ubunye nokubumbana kungenze ngazithoba kakhulu eminyakeni eminingi. Ngiyathokoza futhi ukuthi iNingizimu Afrika yonkana ihlangene, yakholelwa kulo mkhakha wezemidlalo engikuwo, lokhu okube yisibusiso esikhulu.

© UCLES 2018

www.xtrapapers.com



**Female isiZulu voice:**
Uxhaswa yinkampani edayisa izimpahla zezemidlalo. Kwaqala nini lokhu ukwenzeka?

**Male isiZulu voice:**
Ubudlelwane bami nabo baqala eminyakeni eyisithupha eyedlule, futhi angibusisekanga kuphela ngokusekelwa ngumndeni wami nabangane kuphela, kodwa nenkampani yezemidlalo, eyabona ikhono yakholelwa kimi negama lami lingakaziwa muntu. Ngizizwa ngikhethekile ukuba ngibe yingxenye yeqembu elikhulu. Ngibheke phambili ekusaseni eliza namathuba amaningi.

Pause 00’10”

**Female isiZulu voice:**
Yikuphi okugqugquzela ukusebenza kwakho kanzima?

**Male isiZulu voice:**
Amateki yiwona engiwathanda kakhulu ngoba yiwona anginika umdlandla futhi antofontofo, ikakhulukazi uma ngincintisana nalapho ngizivocavoca. Kumnandi ukugijima ngawo kanti ngiyakuthokozela ukuwagqoka. Okunye futhi i-sweater range entsha yabo, ibukeka kahle uma ngiyigqokile. Ngakujabulela ukuyigqoka sithatha izithombe futhi sengijahe ukukhishwa kwayo iye ezitolo.

**Female isiZulu voice:**
Yikuphi okudelile ukuze uqinisekise ukuthi uba ngumdlali ophumelela ngamalengiso?

**Male isiZulu voice:**
Kukhona impela engakudela. Ngadela ukuchitha isikhathi esimnandi nomndeni nabangane bami. Ngaphinde ngadela umsebenzi wami wesikole njengoba ngingumfundi wasenyuvesi. Ukuphumelela ngaleli zinga emsebenzini wami akuzanga kalula impela. Igama lami selibhalwe ezincwadini zomlando nabantu abadumile bomhlaba, kuyisimangaliso esikhulu lokhu kimi. Ukwazi ukuthi ngokwenza engikuthandayo, ngikwaze ukukhuthaza izigidi zabantu kuyamangalisa.

**Female isiZulu voice:**
Ngakube ukhona umyalezo ofisa ukuwudlulisela kubantu baseNingizimu Afrika abakhuthazwe yimpumelelo yakho?

**Male isiZulu voice:**
Umyalezo wami kubantu baseNingizimu Afrika kungaba ngukuthi kumele bathole amandla azosiza ukwakha izimilo zabo ukuze bazuze amaphupho abo.

**Female isiZulu voice:**
Siyabonga kakhulu Themba. Sikufisela okuhle kodwa.

**

**Male isiZulu voice:**
Uzophinde uyizwe okwesibili le ngxoxo.

Repeat from * to **
Pause 00’30”

© UCLES 2018 

www.xtrapapers.com



**Female isiZulu voice:**
**Umsebenzi 4**

Lalela ingxoxo ephakathi kukaNkosikazi Sibongile Gumede oyi-Chef and food stylist bexoxa nombhali wencwadi esihloko sithi, 'kwehla esiphundu!' bese uphendula imibuzo ezolandela ngezansi **ngesiZulu**.

Uzoyizwa kabili le ngxoxo.

Uzothola ithuba lokufunda imibuzo kuqala.

Pause 01'30"
*Signal: bell

**Male isiZulu voice:**
Namuhla sinoNkosikazi Sibongile Gumede ongumpheki kodwa futhi uthanda kakhulu ukuvakashela amazwe ahlukene. Ngiyakubingelela dadewethu.

**Female isiZulu voice:**
Yebo sawubona mfowethu. Ngiyathokoza ukuba lapha.

**Male isiZulu voice:**
Ngiyezwa ukuthi emva kokusebenza kanzima uye uthande ukushaywa ngumoya uvakashele amazwe ahlukene. Ngakube uvame ukuvakasha kangaki onyakeni?

**Female isiZulu voice:**
Akukuningi futhi akwenele. Eqinisweni, ngingathokoza ukuba ngivakashe okungenani kabili ngonyaka. Kodwa empeleni, ngivakasha kanye ngonyaka.

**Male isiZulu voice:**
Sitshele ngohambo lwakho lwaphesheya osanda kuluthatha?

**Female isiZulu voice:**
Uhambo lwami lokuqala lwaba ngesikhathi ngisafunda enyuvesi. Ngavakashela eNorway ukuyochitha uKhisimusi nomngane wami owayesethuthele khona.

**Male isiZulu voice:**
Yikuphi okudingayo ukuze ube neholide elimnandi?

**Female isiZulu voice:**
Ngidinga indawo ehlanzekile. Ukuthi ihhotela lithokomele akusho lutho, kodwa ukuhlanzeka kwalo yikho okubalulekile. Indawo engilala kuyo ingalakha noma ingalibhidliza iholide lami. Anginankinga yokusokola emini nalapho ngihamba izindawo ezithile.

**Male isiZulu voice:**
Yiliphi iholide lakho elihamba phambili?

**Female isiZulu voice:**
Uhambo lwaseThailand yilona oluhamba phambili. Ngangihambe nodadewethu, uZamo, futhi saba nesikhathi esimnandi kakhulu. Safike safunda ukupheka, savakashela eziqhingini futhi sadla amaholide ethu sihleka kakhulu, empeleni sasihlekana sodwa. Konke lokho kwakungeke kusho lutho ukube udadewethu wayengeyona ingxenye yaleli holide.

Pause 00'10"

**Male isiZulu voice:**
Yiliphi idolobha olithanda kakhulu kanti yikuphi okungenziwa ngumuntu ovakasha okokuqala lapho?

www.xtrapapers.com



**Female isiZulu voice:**
Idolobha iParis lisezingeni eliphezulu. Ngingancoma ukuba avakashele enye yama-Bakeries ka-Alfonse Ambrose, edayisa ama-pastries, kanye noshokoledi. Umpheki wama-pastry wakha izidlo ezimnandi kakhulu. Izitolo zama-pastries nama-confections ziyababazeka. Akukho muntu othanda ukudla, ongavakashela khona ongethande ukubona lobo buhle.

**Male isiZulu voice:**
Yikuphi okungamele bazihluphe ngakho?

**Female isiZulu voice:**
Akumele bazihluphe ngokugibela i-Eiffel Tower, izithombe zinhle kakhulu uma uzithathe phansi kwayo i-Tower. Ukulinda kolayini abade ukuze uthole ithuba lokugibela nakho kungukuchitha isikhathi. Okungcono uchithe isikhathi sakho ubuka idolobha.

**Male isiZulu voice:**
Yini enhle owake wayiphiwa useholidini?

**Female isiZulu voice:**
Incwadi yokupheka. Ohanjeni lwami olusanda kwenzeka lwaseParis, ngaphiwa enye yezincwadi zompheki wezidlo zasolwandle phecelezi 'sea food' eyisimangaliso. Ngaba nenhlanhla yokuthola izifundo zokupheka lokhu kudla, ngifundiswa nguye umbhali wayo waze wasayina nencwadi leyo eyisipho.

**Male isiZulu voice:**
Zinto zini ezithusayo osuke wazenza uvakashile?

**Female isiZulu voice:**
Ukugxumela emanzini ngisuka ngaphambili esikebheni ngiseThailand nokugibela indlovu e-India.

**Male isiZulu voice:**
Seluleko sini ongasinika abantu mayelana nokuvakasha?

**Female isiZulu voice:**
Kumele ungalenzi iphutha lokushiya imithi ebalulekile engakusiza uma kwenzeka ugula. Akumele uhambe ngaphandle kwayo ikakhulukazi uma uzozama ukudla izinhlobo ezahlukene zokudla.

**Male isiZulu voice:**
Iyiphi indawo yamaphupho akho ofisa ukuyivakashela?

**Female isiZulu voice:**
Ziningi kakhulu kodwa iyodwa engifisa ukuyivakashela ngaphambi kokuba ngife, leyo i-Italy, ngenxa yento esobala 'ukudla'.

**Male isiZulu voice:**
Siyabonga kakhulu ngokuvuma ukuxoxa nathi.

**

Uzophinde uyizwe okwesibili le ngxoxo.

Repeat from * to **
Pause 00'30"

